IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

11/2015 Intshumayelo ngesonto wa bofelo emva komkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 25. 01. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-Isaya 60:2, lithi: "UJehova uyaphuma phezu kwakho, nenkazimulo yakhe iyakubonakala phezu kwakho."

1. Iculo 76/69

2. Umkhuleko: Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga, ngokuba wasambulela iNdodana yakho ukuthi inguye esimelwe ukumuzwa. Nkosi, Ndodana kaNkulunkulu, Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba wazibonakalisa ebantwini ukuthi unguMsindisi wabantu bonke. Nkulunkulu, Nkosi, Moya oNgcwele, siyabonga, ngokuba wasiholela kuJesu Kristu, uMsindisi wethu. Nkulunkulu weqiniso, usisize ukuba sibe nesibindi emsebenzini wobuthunywa, sibe ofakazi bakho ebantwini, siholele abantu kuwe, sikhuthalele umsebenzi wokukhulekela umsebenzi wobuthunywa, siwukhiphele umnikelo ngenhliziyo emhlophe, sithande umsebenzi wobuthunywa. Wamukela umkhuleko wethu ngomusa nangothando lwakho. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe kuEksodusi 3:1-14;
   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 4:6-10;
   Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Johane 12:34-41.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 78/71

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 17:1-9, lithi: "Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha oPetru, noJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa. Waphenduka esinye isimo phambi kwabo; ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe zaba-mhlophe njengokukhanya. Bheka, kwabonakala kubo oMose noEliya bekhuluma naye. Wathatha uPetru wathi kuJesu: Nkosi, kuhle ukuba silapha. Uma uthanda, ngizakwakha lapha amadokodo amathathu, elinye libe-ngelakho, elinye libe-ngelikaMose, elinye libe-ngelikaEliya. Esakhuluma, bheka ifu elikhanyayo labasithibeza; bheka, kwavela izwi efwini, lathi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo; yizweni. Kuthé sebezwa lokho abafundi, bawa ngobuso babo, besaba kakhulu. Kepha uJesu wasondela, wabathinta, wathi: Sukumani, ningesabi. Kepha bephakamisa amehlo abo ababonanga-muntu, kuphela uJesu yedwa. Besehla entabeni, uJesu wabayala wathi: Ningatsheli-muntu lowombono, ize ivuke iNdodana yomuntu kwabafileyo." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini uJesu Kristu! Namuhla yisonto lokugcina emva kwePhifaniya. Isikhathi sonke sePhifaniya sithanda ukusivuselela ngokusha ekuqaleni

komnyaka ukuba sikhumbule umnyaka nomnyaka ukuthi umsebenzi usekhona. Makungabi noyedwa ocabangayo ukuthi awusebakho umsebenzi eAferika, eziziweni zakithi. Ngisho umsebenzi wokufuna abalahlekileyo, abaphambukileyo, abangakazi uJesu, abangasamlandeli, abangasamthandi. Ngisho umsebenzi wokubakhulekela ukuba bathole ithuba lokuzwa izwi, bathole ithuba lokuphenduka, lokubuyela kuKristu.

Lomsebenzi usadingeka ukuba wenziwe njengasezikhathini zonke, uyadingeka amazweni onke nasezizweni zonke, kungabi kuphela ezizweni eziyalwa, nokubuswa yizizwe ezinye, nakuzo ezizibusayo umsebenzi weNkosi umelwe ukwenziwa, ngoba kaningi ukuzibusa kuyahambelana nokulahla imithetho yonke yobuntu nekaNkulunkulu. Abantwana abaphuma ekuyalweni ngabazali, bathi: Bakhululelwe ukwenza abakuthandayo, nemiyalelo kaNkulunkulu abasayilalela, Nabadala abangesephansi kwamandla ezikhulu ezingamaKristu, bathi: Bakhululiwe nasemiyalelweni kaNkulunkulu. Bathi: Bayazibusa manje, kodwa ngokwempela kungukulahla nokuziphatha kahle njengabantu, bengasesabi uNkulunkluu weqiniso, nemiyalelo yakhe abasayilaleli. Kubi, kodwa kubi kakhulu kunalokho, uma ukuzibusa okuthiwa inkululeko kukhipha abantu nesekukholweni nguJesu Kristu ukuba babuyele emikhutsheni ephambene, nokumelana nensindiso ekuKristu Jesu, kubi kunalokho kungukulahla nokuziphatha ngokwemiyalalelo kaNkulunkulu kukho okungaphandle. Ngakho lokhu ngiyaqinisa ngithi: Umsebenzi usemningi, usemkhulu ebantwini bezizwe zonke, na lapha eAferika, njengaseJalimane nasemazweni amanye.

Ngisho umsebenzi wokukhulekela bonke abantu abangamaKristu ukuba benze umsebenzi wobuthunywa ngokukhuthala, nangothando olukhulu. Ngisho umsebenzi wokucela eNkosini ukuba ivuselele izisebenzi zezwi ukuba zilandele izimvu ezilahlekileyo impela, nomsebenzi wokucela eNkosini ukuba ithume izisebenzi ekuvuneni kwayo okukhulu, ivuselele izinsizwa namadoda amasha ukuba bazinikele emsebenzini weNkosi ngokuya ekholishi nokuzilungisela umsebenzi omkhulu wokuba izikhonzi zezwi ekerikeni.

Ukukhuthala kokukhuthalela umsebenzi wobuthunywa, nothando lokuwuthanda iNkosi ithanda ukukuvuselela kithi nangevangeli lanamuhla, ngokuba kulelivangeli sithola ngokukhanya okukhulu ukuthi kukhona oyedwa kuphela onamandla okukhipha nokuhlenga abantu ekulahlekeni kwabo, nasekudukeni kwabo, nasebumnyameni obusibekele umhlaba. Nguyena uJesu Kristu. Akakho omunye. Nguye kuphela. UJesu uqobo wazambulela ukuthi nguye. Wenza kanjalo ngokukhazimuliswa phambi kwabafundi bakhe, njengalokhu sizwile evangelini lanamuhla. Abafundi bakhe bambona isikhashana enkazimulweni yakhe owayenayo kwasephakade, esekuye uYise, engakezi emhlabeni, akuyo esebuyele kuyo ngosuku lokwenyuka kwakhe.

Wazibonakalisa ukuthi unguye ngemisebenzi yakhe nangezintshumayelo zakhe. Watshela abantu ukuthi ngaye kusondele umbuso kaNkulunkulu kubo. Ngakho lokhu wababizela ekuphendukeni nasekukholweni nguye, kokukholwa ivangeli lakhe. Wabatshela ukuthi uma bengathandi ukukholwa ngamazwi akhe, bakholwe izenzo azenzileyo, wathi: Yiyona imisebenzi yakhe emfakazelayo ukuthi uYise umthumile.

UJesu wazibonakalisa ukuthi unguyena uMsindisi wabantu bonke, iNdodana kaNkulunkulu, nangamazwi awakhuluma entabeni yokukhazimuliswa. Wehla nabafundi bakhe entabeni ukuze aye entabeni yokuhlushwa, yokufa, yesiphambano. Ngokuzinikela ekufeni esikhundleni sabantu bonke kakhulu, ngakho iNkosi yethu uJesu Kristu yazibonakalisa ukuthi iyiyona iNdodana kaNkulunkulu elalele uYise, ethunyelwe nguYise ukuba ibe ukubuyisana kukaNkulunkulu nabantu, ihlenge abantu ekubhujisweni kwabo, ibalungisele isihlengo secala lesono sabo.

NoNkulunkulu uYise wamfakazela ukuthi impela unguyena, ngokumvusa kwabafileyo ngosuku lwesithathu wathi: Ngamukele umhlatshelo wakhe. Okholwayo nguJesu akabhubhi, kodwa unokuphila okuphakade. Impela uNkulunkulu uYise unguFakazi wawofakazi bonke abamfakazelayo uJesu ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, uMsindisi wabantu, njengalokhu sizwa ivangeli lanamuhla lithi: "Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo; yizweni!" UNkulunkulu uYise wamfakazela kanjalo naseJordane, mhla uJesu ebhapathizwa nguJohane uMbhapathizi, wathi: "Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo." Entabeni yokukhazimuliswa kukaJesu uNkulunkulu uYise wathasisela ebufakazini bakhe ngesiluleko esikhulu esithi "Yizweni!" Okusho ukuthi uNkulunkulu uYise ubiza kithi ukuba simuzwe uJesu, simlalele, simamukele, sikholwe nguye, singangabazi lutho ngemisebenzi yakhe, nangamazwi akhe. Siqinise njalo ukuthi amazwi uJesu awakhulumileyo anguMoya, angukuphila, nokuthi imisebenzi ayenzileyo, noma ngokwenza izimangaliso nezibonakaliso ngemisebenzi yamandla, noma ngokuhamba indlela yakhe yokuya ekufeni kwesiphambano, yonke iyenza ukuba sikholwe ukuthi uJesu lo unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, nokuthi ngokukholwa nguye sinokuphila egameni lakhe. Asimuzweni, simlalele!

Nabo oMose noEliya bayamfakazela ukuthi unguye uMsindisi. Evangelini lethu njengalokhu lilotshiwe nguMathewu siyezwa ukuthi lababili babonakala kuJesu, bakhuluma naye. ULuka usitshela ukuthi babekhuluma ngani, wathi: "Bakhuluma ngokumuka kwakhe abemelwe ukukufeza eJerusalema." Okusho ukuthi bafakaza ukuthi loJesu unguye impela, obemelwe ukuya eJerusalema ukuzinikela ekufeni kwesiphambano. Nguyena othunyiwe nguNkulunkulu uYise ukuba abe uMsindisi wezwe. Baningi kangakanani abakhubekile ngokuzwa ukuthi uMsindisi wabo ungofele emthini wesiqalekiso. Kodwa oMose noEliya ngokukhuluma ngaye ngalendaba bayamfakazela ukuthi nguye. Yebo, ngaye bonke abaprofethi bafakaza ukuthi

ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono. Akakho omunye. Nguye kuphela.

Yena lowo owazinikela ebumpofwini obukhulu emhlabeni wayentula indawo endlini yezihambi, baswela umbede, unina wamlalisa emkhombeni, wavuma yena uqobo lwakhe, wathi: "Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo, lapho ingacamelisa khona ikhanda." Ekufeni kwakhe abantu babengafuni ukuba izinyawo zakhe zinyathele emhlabeni, babembethela esiphambanweni. Yena lowo uyiNdodana kaNkulunkulu, unguMsindisi wezwe, nguyena onamandla okuhlenga abantu ebumnyameni bokubhubha nokulahleka kwabo, ekufeni nasemandleni kaSathane.

Nabafundi bakhe bamfakazela ukuthi nguyena. "Kepha bephakamisa amehlo abo ababonanga-muntu, kuphela uJesu yedwa." UPetru waloba, wathi: "Singababonayo amandla obukhosi bakhe. Ngokuba wamukela kuNkulunkulu uYise udumo nenkazimulo, lapho kwafika kuye izwi elinje, livela enkazimulweni yobukhosi, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo." UJohane wathi: "Sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso." Ngokusho njalo babemfakazela ukuthi nguye, nokuthi akakho omunye. Nguye kuphela.

Nathi masimuzweni, simlalele, sibe ofakazi bakhe! Siyazi ukuthi uvusiwe kwabafileyo. UJesu wayefuna ukuba bathule ngenkazimulo yakhe engakavuswa kwabafileyo. Kodwa emva kokuvuka kwakhe sonke siphiwe ukukhuluma ngaye ukuba singabi namahloni, kodwa sibe nesibindi sokumfakazela ukuthi impela nguyena oyindlela yokuya kuBaba wethu osezulwini, nguyena oyiqiniso lokuthi izoni ziyathethelelwa izono ngenxa yakhe, nguyena ongukuphila okuyikho. Lokhukwazi makusivuselele sonke namuhla ukuba sikhuthalele umsebenzi wobuthunywa, siwuthande ukuba abaningi bayiswe kuJesu nonyaka! Amen.

9. Umkhuleko: Nkulunkulu, Somandla, Baba osezulwini, siyabonga ngokuba wakhazimulisa iNdodana yakho ngezwi elavela ezulwini. Sesiyacela kuwe ukuba usivuselele ngoMoya wakho oNgcwele, ukuba sikhuthalele ukuyizwa iNdodana yakho, silamukele ngokukholwa izwi layo, siphile njengokusho kwalo kulomhlaba nangasemuva enkazimulweni kanye noMose noEliya nabakhethiweyo bonke entokozweni ephakade, ngayo iNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 77/70

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1979/2003/ 2008/2014 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.